# LADIES IN MINISTRYTRAINING COURSE

## IZIFUNDO **ZOKUQEQESHA ABESIFAZANE**

**KUNGANI** ABESIFAZANE KUFANELE BAGCOTSHWE NABO BABE YIZISEBENZ! **EMABANDLENL**

1. **ABESIFAZANE NABO BENZIWE NQOMFANEKiSO KÅNKUUJNKULU.**
   Ku **Genesis 1:27** uNkulunkulu wadala owesilisa nowesifazane, bobabili ngokufanayo wabadala ngomfanekiso wakhe.

2. **UNKULUNKULU WABASEBENZiSA NABO ABESIFAZANE**
   Ibhayibheli linabantu abaningi besifazane abasetshenziswa nguNkulunkuIia.:

   * uMiriyemu umphrofethikazi - Oksodos 15:20
   « umehluleli uDebhora - **AbaMuleli** 4:4.
   * uRuthi, uEsteri nabanye
   * Uyamkhumbula uThabitha noma uDorkhasi - Izenzo 9:36 bonke laba uNkulunkulu wabasebenzisa noma bengabesifazane.

3. **UNKULUNKULO UYABADINGA**
   uNkulunkulu kuJerexniya 9:17-20 wagcizelela kakhulu ukuthi akubizwe abesifazane bazokhala, bazolila bazokhuleka kuJehova.   Izinyembezi zabo ziyamthinta uJehova - Luka 23:27.

4. **UJESU WEZA EMHLABEN! NGOMUNTU WESIFZANE.**
   Icebo likaNkulunkulu lokusindisa umhlaba wonke lagcwaliseka ngomuntu wesifazane - **Matewu** 1:23.

**5. UIESU WASEBENZA KAKHULU NABANTU BESIFAZANE.**

Ivangeli likaJesu lafinyelela kaningi nakwabasefazane **-ngokaLuka 10:32-42.** Abesifazane babehamba noJesu ku **Luka 8:1-4.** Bamlandela kwaze kwaba sekufeni.

**6. ABESIFAZANE IBONA ABABENOJESU ESIPHAMBANWENI.**

Amadoda ayehamba noJesu kwafika isikhathi sokuba amphike abaleka amshiye ebhekene nokuf a, abesifazane bebakhona njalo bamlandela bemkhalela uJesu - **Luka 23:27-31 and ves 2O.**

**7 ABESIFAZANE BANEHBiNDI FUTHi BAYAKWAZI UKUBEKEZELA.**

**kuJohan 20:10-11** abafundi sebebalekile babuyela ezintweni zabo, uMariya waba nesibindi wama eyedwa ethuneni wakhala waze uJesu wazibonakalisa kuye.

**8. ABESIFAZANE BABEKHONA NABO EKAMELWENI ELIPHEZULU**

Ngesikhathi abafundi bakhuleka kuze kwehle uMoya Oyingcwele abesifazane babekhona nabo - **Izenzo 1:13-14.**

**9. ABESIFAZANE BAYABALWA NABO KWISIPHROFETHO SIKAlOWELI**

Emandulo uMphrofethi uJoweli waye Phrofethile ukuthi uma uMoya Oyingcwele usufikile uyokwehlela nakwa besifazane kuzincekukazi nakumadodakazi - **Izenzo 2:17-18.**

**BABESEBENZA NOPAWULi KAKHULU**

Lapho uPawuli esungula amabandla walekelelwa kakhulu abesifazane - **Filiphu 4:3.**

"• **BANGABAGCOTSHWA NABO NIENGATHi**

Uma uPawuli efundisa ngokugcotshwa kwezinceku ku **l**[st] Tim 3: l bayabalwa nabo ku ves 11.

**KUNKULUNKULU SiVEFANA SQNKE**

kwabaseGalathiya **3:26-29** uPawuli ugcizelela ukuthi kuKhrestu siyefana sonke, ugcobo Iwaphezulu luyafana alukho alwabesilisa nolwabesifazane - l[st] **Johan 2:20** funda **neZenzo 10 :34-35.**

## IZINDLELA EZINGU l O ZOKUBHEKANA NOKUCWASWA NOMA UKUBANDLULULWA ABANTU - AMAHUBO 1 1 8: 1 3: 1 4

**1. ZAZI UKUTHI UN6UBAN1**

Uma uzazi ngampela ukuthi ungubani ku Khrestu, uwazi kahle namalungelo akho, namandla onawo, angeke ube naso isikhathi sokunaka abantu abakucwasayo.

**g. VAZl UTHANDO LUKANKULUNKULU**

Uma ulwazi ngampela uthando lukaNkulunkulu nezinto ezinkulu akwenzele zona, angeke ulokhu uzihlupha ngokufuna ukuthandwa abantu, khohlwa abantu.

Yazi isiphiwo sakho noma ithalante lakho ugxile kulona ungabanaki abakucwasayo .

**4. UR6AVJNAK1 INDAB A VESLKHUNDLA**

Khohlwa indaba yesikhundla, sebenza nje uthembeke ku Jehova sikhona noma singekho isikhundla - II **Tim 2:15.**

**5. MUSA UKULJNVAZWA UBALA**

Yazi ukuthi akuqali ngawe ukucwaswa nokuthukwa impilo yakhona leyo- **Matewu 5: 11-12.**

**6.**

Uma ubona ukuthi kunokuphikisana nesiyaluyalu nesiphithiphithi ungangeni lapho - I[8t] Khorente 14: 33.

**7. UN6AB1 1S16QILA** SARÅNT1I

Yenza lokhu onamandla okukwenza, musa ukuvuma ukuthi abantu bakusebenzise noma ikanjani - **l[st] Khorinte 7:23.**

**é. ZIKHULEKELÆ IZiTHA ZAKHO - ROMANS 12 :1 7-20**

Bakhulekele nalabo abakucwasayo ubacelele umusa kuNkulunkulu.

**9- UN6AULAHU ITHEMBA**

Methembe uNkulunkulu yena yedwa, abantu bayashintsha kodwa yena akaguquki - **Amahubo 118:8-9.**

**10. UNGAlYSHIYI INDAWO YAKHO - ROM l & :£1**

Ungavumeli inhliziyo, ungadubi phikelela, iba nenkani yokukholwa ungavumeli usathane - **Umshumayeli 10:4**